



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWESIBILI LOKWENGEZA (SAL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

FEBRUWARI/MASHI 2011

AMAMAKI: 80

SIKHATHI: amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi ayi-9.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukane IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A:	Indaba	(40)
ISIQEPHU B:	Imibhalo emide edlulisa imiyalezo	(20)
ISIQEPHU C:	Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo	(20)

2. Abahlolwayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA ESIQESHINI A, OWODWA ESIQESHINI B kanye noWODWA ESIQESHINI C.

3. Abahlolwayo mabafundisise kahle imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo. Mababhale basebenzise ulimi abahlolwa ngalo.

4. Abahlolwayo mabaqale umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Abahlolwayo bayakhunjuzwa ukuthi ISIQEPHU A sihamba nohlaka. Uhlaka malube sekhasini lwalo lodwa.

6. Abahlolwayo bayayalwa ukuba basebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

ISIQEPHU A:	amaminithi angama-60
ISIQEPHU B:	amaminithi angama-30
ISIQEPHU C:	amaminithi angama-30

7. Abahlolwayo mabangaziguquli izimpendulo zemibuzo. Mabazibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.

8. Nikeza indaba yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa kodwa kubalwa amagama okuqokethwe kuphela.

9. Abahlolwayo mabaqaphelisise isipelingi nokwakheka kwemisho.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

Ubude bezimpendulo ezilindelekile buhamba kanje:

ISIQEPHU A: Bhala ngamagama ayi-150 – 180. Khumbula ukuthi uphoqelekile ukuba wenze uhlaka lube sekhasini lwalo lodwa.

ISIQEPHU B: Umbhalo mawube odlulisa umyalezo ube ngamagama angama-60 – 80.

ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane enemiyalezo, mayibe ngamagama angama-40 – 60.

ISIQEPHU A: INDABA**UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-150 kuya kwayi-180.

QAPHELA: Ungakhohlwa ukwenza uhlaka lwendaba yakho ngoba lunamamaki.

- 1.1 Abangani babalulekile empilweni yethu. Ubungani obuhle yilobo obenza ukuthi nizuze (benefit) nobabili kubona. Bhala indaba ngesihloko esithi:

Ubungani obuhle.

[40]

NOMA

- 1.2 UHulumeni ubhekene nenkinga yobugebengu obuphezulu eNingizimu Afrika. Bhala indaba ngesihloko esithi:

Amaphoyisa angaphumelela ukulwa nobugebengu uma esizwa ngumphakathi.

[40]

NOMA

- 1.3 Udadewenu omdala ushadele emzini wabantu abanemali. Bhala indaba ngesihloko esithi:

Umshado engingasoze ngawukhohlwa.

[40]

NOMA

- 1.4 Abazali bakho bamenywe emcimbini wesihlobo senu esihlala kude. Wena usele wedwa ekhaya. Uzizwa ungaphephile neze (not safe). Bhala indaba ngesihloko esithi:


Angeke ngiphinde ngivume ukusala ngedwa ekhaya ebusuku.

[40]

NOMA

1.5 Bukisisa isithombe ngezansi bese ubhala indaba ngesihloko esilandelayo:

Angikholwa ukuthi yimina lona osefunda ibanga le-12.



[40]

NOMA

- 1.6 Buka isithombe esilandelayo bese ubhala ngaso indaba. Ungakhohlwa ukuyinika isihloko indaba yakho.




[40]

NOMA

- 1.7 Umakhalekhukhwini (cellphone) wenza impilo ibe lula. Bhala indaba ngesihloko esithi:

Umakhalekhukhwini wenza impilo ibe lula (Easy).




[40]

NOMA

- 1.8 UHulumeni ubhekene nenselelo (challenge) enkulu yokuqeda imijondolo/ imikhukhu (shacks). UHulumeni uyazama ukwakha izindlu kodwa abantu abahlala emijondolo/emikhukhwini bayanda (increase). Bhala indaba ngesihloko esithi:

Izinto ezingenziwa uhulumeni ukuqeda imijondolo.



AMAMAKI ESIQEPHU A: 40

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

UMBUZO 2

- 2.1 Bhalela umalume wakho **incwadi** ucele ukuvakasha uma kuvalwa izikole. Ufisa akubonise ngekusasa (future) lakho njengoba usuqeda isikole. [20]

NOMA

- 2.2 Ubungenele umncintiswano (competition) wama-*Mnet Idols*. UMara uthi wena awunalo ikhono lokuculela uMhlaba wonke, ulungele ukucula ekwayeni yesonto nje kuphela. Bhala **ingxoxo** phakathi kwakho naye umtshela ukuthi akaphinde abheke eminyakeni emibili ukuthi uzobe ukuphi kwezomculo. [20]

NOMA

- 2.3 Benithenga esitolo esikhulu kwafika izigebengu ebezizorobha lesi sitolo. Akekho olimele. Bhala **iriphothi** ezosebenza njengobufakazi (evidence) ecaleni lokuphanga (robbery). [20]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 20

ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 3**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-40 kuya kwangama-60.

- 3.1 Umngani wakho uzobe egubha usuku lwakhe lokuzalwa ngoMgqibelo. Ukucele ukuthi umbhakele ikhekhe. Bhala **iresiphi/imiyalelo** yokwenza ikhekhe.

[20]**NOMA**

- 3.2 Funda lesi **sikhangisi** (advertisement) esilandelayo bese ubhala esakho esihle futhi esihehayo (attractive) ukuze abantu bathenge le nsipho ekhangiswayo.

HIGH QUE WASHING POWDER
Zama ukuthenga le nsipho yokuwasha

lyasebenza
lyazama ukususa amabala
Iningi labantu alizisoli ngokusebenzisa le nsipho
Itholakala eziphaza shop kuphela.

[20]**NOMA**

- 3.3 Abazali bakho bahlele ukwenzela udadewenu omdala umemulo (21st Birthday). Bhala **ikhadi** lokumema izihlobo nabangani ukuthi bazojabula nani.

[20]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 20
AMAMAKI ESEWONKE: 80